

**FOR MORE INFORMATION CONTACT
CONSUMER AWARENESS UNIT**

UCINGO: (031) 336 5273

EMAIL: DUMISANI.NTULI@KZNDHS.GOV.ZA

**KUSHICILELWE NGUMNYANGO
WEZOKUHLALISWA KWABANTU
KWAZULU-NATALI**

**(F) KwaZulu Natal Department of
Human Settlements**

(T) @kzndohs

**ANTI-FRAUD & CORRUPTION LINE:
0800701701**

**EMAIL:
communications@kzndhs.gov.za**

**WEBSITE:
www.kzndhs.gov.za**

**TELEPHONE:
033 392 6400
031 336 5300**



KWAZULU-NATAL PROVINCE

**HUMAN SETTLEMENTS
REPUBLIC OF SOUTH AFRICA**

AMACEBO AYISHUMI OKUNAKEKELWA KOMUZI

**Abanikazi bemizi kumele bazigqaje
futhi banakekele ngayo yonke indlela
imizi yabo futhi bayilungise.**



1. UKUNAKEKELA UMUZI WAKHO

- Hlanza umuzi wakho zonke izinsuku.
- Khokha isikweletu sezinsiza ozisebenzasayo (amanzi nogesi) nyanga zonke
- Qinisekisa ukuthi wonke amaplaki kagesi ayasebenza.
- Jwayela ukushintsha amaglobhu.
- Vala lapho kuvuza khona amanzi kanye nemifantu ezezindongeni.
- Penda umuzi wakho njalo emva kweminyaka eyi-5 kuya kweyi-7 noma ujwayele ukuhlanza izindonga.

2. UKUPENDA

- Uyakhanga umuzi openawe kabusha nangesinono.
- Ukusebenzisa upende ongasheshi ukuphupha kwenza uhlale isikhathi eside.
- Penda umuzi ngaphakathi nangaphandle ukuvikela indlu emvuleni, isichotho, ilanga nomoya.
- Sebenzisa upende osuleka kalula odongeni lwangaphakathi.
- Penda ngopende ongangenwa amanzi endlini yokugezela nasekhishini ukuze isitimu singazoswakamisa izindonga bese zithamba.
- Vala imifantu ngokushesha uma nje ivela.

3. UMA AMAFASITELA, IZICABHA KANYE NEZINYE IZINTO EZISENDLINI ZIFILE, FAKA OKUNYE OKUSHA

- Lungisa amafasitela afile ngokushesha uma efile.
- Izibambo zezicabha, imimpompi kanye nezibani kumele uzihlole njalo ukuthi azigugile kumbe azifile yini.
- Faka izimpahla zokwakha eziyikhwalithi futhi eziba newaranti.
- Ungazithengi izimpahla zokwakha eziwubukhazikhazi ezingeke zihlale isikhathi eside. Faka izimpahla ezihlobisayo ezizokwenza indlu yakho ikhange, ezizobeka izinga lempilo oyiphilayo phezulu futhi ezizohlala zibukeka kahle isikhathi eside.
- Okumqoka okubili yikhwalithi kanye nenguanaboya.

4. UKUKHANDA LAPHO KUVUZA KHONA KANYE NAMAPAYIPI AVIMBEKILE

- Ukuvuza kwamanzi kudala umonakalo endlini yakho ngenxa yokuthi lokhu kuzokwenza isakhiwo sendlu sibebuthaka.
- Ukuvuza kwamanzi kudala izindleko ngenxa yokuthi kwenza kwenyuke isikweletu samanzi.
- Amanzi ayimvelo eyigugu futhi akumele amoshwe.
- Hlola izindawo ezimanzi ongaziqondisisi ezisegcekeni lakwakho- kungenzeka lobo bumanzi budalwa ipayipi elingaphansi komhlaba elivuzayo.
- Bheka ukuthi ompompi emzini wakho abavuzi yini.
- Faka amawashela amasha uma ubona kunesidingo.
- Hlola ukuthi asikho yini isikhunta ezindongeni zomuzi wakho.
- Ngokushesha khanda amapayipi avuzayo kanye nalawo avimbekile!
- Ngokushesha bika kumasipala wendawo oseduze nawe nanoma yikuphi ukuvuza kwamapayipi kanye navimbekile okungekho egcekeni lakho.

5. UKUKHANDA UPHAHLA OLUVUZAYO

- Kumqoka ukugcina uphahla lwakho lusesimweni esifanele.
- Hlola uphahla lwakho njalo emva kwezinyanga eziyisithupha. Bheka uthayela noma ama-tiles asexega noma osekunezimbobo.
- Bheka ogadasi abanokuvimbeka.
- Qiniseka ukuthi uma ugibela phezu kwendlu ufake umakalabha kanye nezicathulo ezingaphakeme futhi ezingasheleleli. Zibophele kokuthile ngentambo.
- Umakhi wendlu yakho ubophezelekile ukulungisa uphahla uma kukhona lapho kuvuza khona inqobo nje kuvuze singakapheli isikhathi esithile sesiqinisekiso somsebenzi wakhe asibeka esivumelwaneni soenkontilekeni.
- Qinisekisa ukuthi inkontileka uyayifundisisa ukuze uwazi kahle amalungelo akho.

6. UKULUNGISA IPHANSI LENDLU

- Bheka amabhodi ephansi axegayo navavekile ngokunjalo nanoma yikuphi okuyinkomba yokukonakala kwalo.
- Cela iseluleko esitolo esidayisa impahla yokwakha maqondana nokuthi ungalunakekela kanjani lolu hlobo lephansi lakwayo.

7. UKULUNGISA UGESI

- Ukulungiswa kukagesi wakwakho kumele kwenziwa ngumuntu owufundele ugesi.
- Ungalokothi uzame ukulungisa ugesi uma ungenalwazi lawo. Ugesi uyingozi akuwona owokuthintwa imfundamakhwela.

8. UKWENZA UMUZI WAKHO UBUKEKE KAHLE

- Ungafaka ama- tiles, ukhaphethi kanye no- ceiling emzini wakho.
- Ungawubiyela umuzi wakho.
- Qala ingadi futhi uyinakekele.
- Ungawenza ngcono umuzi wakho ngokuthi uwunwebe.

9. YIBA UMAKHELWANE OMUHLE

- Ungabangi umsindo ngokweqile.
- Ungavimbi emasangweni omakhelwane.
- Ungafuhleli izinto ezindala egcekeni lakho noma uvule ibhizinisi elizoba yinkathazo komakhelwane bakho.
- Bamba iqhaza ekuphepheni nasekuvikeleni omakhelwane bakho.

10. AMALUNGELO AKHO NJENGOMNIKAZI WOMUZI

- Unelungelo lokuphepha nokuvikeleka.
- Unelungelo lokungahlukunyezwa.
- Unelungelo lokufaka okuzokwenza umuzi wakho ubukeke kahle.
- Unelungelo lokuhlala nomndeni wakho emzini wakho.